# Ingalo ende yomthetho ibambe abakhwabanisi emva kweminyaka eyi-8 begcwele amathafa

**Tshwane, 31 kuNdasa 2021 –** UKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) u-Edward Kieswetter uyakwemukela ukuboshwa kwabakhwabanisi bentelantengo abagwetshiwe abebecabanga ukuthi baphunyukile engalweni yomthetho ngokunyamalala iminyaka eyisishiyagalombili.

Owayeyisisebenzi sakwa-SARS, uRudi Willemse, kanye nabeluleki bezimali ababili, uHein Fourie no-Abraham van Wyk, bagwetshwa iminyaka emithathu bebhadla ejele yiNkantolo kaMantshi eseKlerksdorp mhla zingama-30 kuNtulikazi 2004 ngecala lenkohlakalo kanye neminyaka eyisikhombisa bebhadla ejele ngecala lokukhwabanisa. IMantshi yakhipha umyalelo wokuthi izigwebo zabo zizohamba kanyekanye kumsolwa ngamunye okwenza ukuba bagwetshwe iminyaka eyisikhombisa bebhadla ejele.

Ekuqaleni babeyisikhombisa abasolwa ababoshwa, kubandakanya nezisebenzi ezintathu zakwa-SARS. Kodwa-ke, ukuqulwa kwamacala kwehlukaniswa emva kokuba abasolwa abane belivumile icala, kwathi uWillemse, Fourie noVan Wyk bona baliphika icala.

Icala lalibandakanya ukubuyiselwa imali yentelantengo yesicelo sokukhokhelwa esingumgunyathi esiyinani lika-R2.7 million esathunyelwa egameni lesikhungo esibizwa nge-Elandslaagte Mining esiseKlerksdorp. Isicelo sokukhokhelwa sasifakwe ngokuthengwa kwemishini yezimayini okungazange kwenzeke kanti lezi zisebenzi zakwaSARS zanikwa umehlokaboni ukuze zigunyaze inkokhelo leyo.

UWillemse, Fourie noVan Wyk bafaka isicelo sokudlulisa icala mayelana nezigwebo zabo, saphasiswa leso sicelo. Inqubo yokubuyekeza yathatha iminyaka eminingi ukuba iphothulwe, kodwa ngonyaka wezi-2011 inkantolo ephakeme i-North Gauteng High Court esePretoria yasichitha isicelo salaba bakhwabanisi abathathu.

Ngonyaka wezi-2013 inkantolo yokudlulisa amacala i-Supreme Court of Appeal eseBloemfontein nayo yasichitha isicelo sokubuyekezwa kwesigwebo sikaWillemse, Fourie noVan Wyk. Kwabe sekukhishwa umyalelo wokuba abamangalelwa bobathathu bavele eMnyangweni wokuHlunyeleliswa kweziMilo ukuze baqale isikhathi sabo sokubhadla ejele. Bobathathu abamangalalelwa abazange bafike eMnyangweni wokuHlunyeleliswa kweziMilo, nokwaholela ekukhishweni kwencwadi egunyaza ukuba baboshwe bobathathu.

Kusukela ngonyaka wezi-2013 bekulokhu kuzanywa ngaphandle kwempumelelo ukutholakala komkhondo kaWillemse, Fourie noVan Wyk. Lokhu kubandakanya nemizamo yokuthi laba bakhwabanisi bafakwe ohlelweni lokusabalalisa lwaka-SAPS. Kodwa-ke, kwabe sekutholakala ukuthi omunye walaba bakhwabanisi, u-Abraham van Wyk, usedlulile emhlabeni.

Mahlayeni, kuNdasa 2021, laba bakhwabanisi ababili, uRudi Willemse noHein Fourie, umkhondo wabo wahogelwa uPhiko oluHogela imikhondo esiteshini samaphoyisa i-Klerksdorp police Tracing Unit base beyaboshwa. Emva kweminyaka eyishumi nesikhombisa kwaphuma isigwebo sabo, neminyaka eyisishiyagalombili begcwele amathafa, uWillemse noFourie manje sebedonsa isigwebo sabo bebhadla ejele eMnyangweni wokuHlunyeleliswa kweziMilo eKlerksdorp.

UKhomishana uKieswetter uthe, “USARS uzimisele ngokuqinisekisa ukuthi izenzo zezisebenzi zethu azinachaphaza futhi zizolwisana nezenzo zobugebengu ngasohlangothini lwezisebenzi zakwaSARS nakuzakhamizi ezizama ukukhwabanisa imali edingwa kangaka uphiko lwezimali ezingenayo. Umphakathi waseNingizimu Afrika uzethembe kakhulu izisebenzi zakwaSARS ukuba zenze imisebenzi yazo ngokwethembeka kanti isenzo sikaMnu Willemse siyalikhaphela lelo themba”.

Imali eqoqwe uSARS idlala indima esemqoka ekwakheni isikhungo esikhonayo esihlinzeka umphakathi wonke ngosizo ikakhulukazi labo abasengozini nabathola imithi yokwelashwa ngalesi sikhathi esiqhubekayo sobhubhane lokhuvethe i-Covid-19.

UMnu uKieswetter wengeze ngokuthi uSARS usanda kuqala ukuthungatha abantu abanamakhono abalulekile ukuze kukhushulwe izinga lesikhungo lokwazi ukuvimbela ukuputsuka kwemali kanye nokuvimbela ubugebengu bentela nasemnyangweni wokuthelisa ukuthi kungenzeki.